# USARS USAVULELEKILE UKUBA NEZINYE IZINGXOXO NEZINYUNYANA ZABASEBENZI

**Tshwane, 12 kuNtulikazi 2022 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lufisa ukuqinisekisa ukuthi amalungu ezinyunyana i-PSA ne-NEHAWU asesitelekeni njengokwesaziso izinyunyana esasinika amaphathi bakwaSARS. Ukuqala phansi kwesiteleka kulandela ukumiswa kwaso okwesikhashana amalungu e-PSA kuNhlaba, kanti ubuholi benyunyana buveze ukuthi bahlose ukuqhubeka nokuteleka kuze kube ukuthi uSARS ubeka okungcono etafuleni.

Ukungaboni ngaso linye kuqale ngenxa yokuthi izinyunyana zikuchithile ukunyuselwa kwezisebenzi ngemali efanayo emalini ekhona engu-R70 million kuzo zonke izisebenzi ezingaphansi kwezinyunyana.

USARS ushilo ukuthi awuzinqumeli wona ngezimali ozitholayo, kodwa uncike kusabelo sonyaka esenziwa kulandelwa inqubo ephethwe uMgcinimafa kaZwelonke. Lokhu okufunwa yinyunyana i-CPI plus 7% ngeke sikwazi ukufinyelela kukho kuze kube ukuthi uSARS uthola enye imali.

USARS uyazwelana nezinselelo zezimali ezibangelwa ukwenyuka kwamanani okudla nezinikimandla kanjalo nezinsiza ezisemqoka. Lezi zimo zithinta iningi labantu baseNingizimu Afrika kubandakanya nazo izisebenzi zakwaSARS.

USARS uyohlala ulihlonipha ilungelo lezisebenzi elivikelwe umthethosisekelo lokuzibandakanya esitelekeni inqobo uma kulandelwa okuhlinzekelwa imithetho ebekiwe, kodwa ngesikhathi esifanayo uzothatha izinyathelo ezifanele ukugcwalisa umyalelo wawo ngokomthetho usebenzele abakhokhintela kanjalo nabahwebi. Umgomo wokuthi "uma ungasebenzanga, awuholi" uzosebenza kulezo zisebenzi eziyingxenye nezizibandakanya esitelekeni.

USARS ungabika ukuthi usuku lokuqala lwesiteleka lube nokuphazamisa okuncane ekwenzeni kwawo umsebenzi. Ngenkathi amanye amagatsha awo evalile ngenxa yokungabikho kwezisebenzi, abakhokhintela bakwazile ukuxhumana nesikhungo ngokusebenzisa izinhlobo eziningi zokuthola usizo usebenzisa uhleloxhumano lwezobuchwepheshe. USARS usuzihlehlisile izinsuku abantu abazovakashela ngazo igatsha ezenziwa ngaphambi kokuqala kwesiteleka.

USARS uphinde wabeka izinhlelo zokwenza ibhizinisi liqhubeke nokusebenza kanjalo nezinhlelo zokubhekana nezimo eziphuthumayo ukuze ukwazi ukuqhubeka nokuhlinzeka usizo olusemqoka kubakhokhintela. Sinxusa umphakathi ukuba usebenzise isizindalwazi sethu ukuze ubone ezakamuva ngokuthi bangaxhumana kanjani noSARS ukufeza izibophezelo zabo.

Kugqugquzelwa abakhokhintela ukuba bakugweme ukuza emahhovisi akwaSARS.

USARS ucela ukuba izinyunyana ziqhubeke ziteleke ngokuthula futhi zihloniphe imithetho njengoba ikhishiwe i-*CCMA Picketing Rules*.

USARS uveze obala isimo sawo sezimali nokufisa kwawo ukuxoxisana nobuholi bezinyunyana ekuqedeni lokhu kungavumelani. USARS ukwenze konke okusemandleni awo nasezimalini ezikhona ukubeka okuthile etafuleni lezinyunyana, kanti lezo zimali zisekhona. USARS usavulelekile ukuxoxisana nezinyunyana ngalokhu okusetafuleni kanjalo nemihlomulo ebanzi yokugcina izisebenzi.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za